


**NguMongameli**
**uHenry B. Eyring**
Ikhansela Lokuqala
kubuMongameli Bokuqala

# Izokuba Kangakanani Injabulo Yakho

Izinto eziletha injabulo zimbalwa empliweni emnandi futhi ezithatha isikhathi eside njengokwazi ukuthi usize abanye ukwamkela ivangeli likaJesu Krestu elibuyisiwe ezinhlizweni zabo. Ukuba naleyo njabulo kuyithuba lawonke oyilungu leBandla. Ngenkathi sibhabhadiswa, senza isifungo sokuthi "sizakuma njengofakazi bakaNkulunkulu ngasosonke isikhathi nakuzo zonke izinto, futhi kuzozonke izindawo lapho [esingaba] khona, noma kusekufeni, ukuthi [thina] singakhululwa nguNkulunkulu, futhi singabalwa nalabo besizukulwane sokuqala, ukuthi [thina] sibe nokuphila obunaphakade" (uMozaya 18:9).

Wonke amalungu amukela ingxenye yomsebenzi anikezwe wona eBandleni ukuthatha ivangeli likaJesu Krestu liye emhlabeni, noma kuphi futhi inkani besaphila. iNkosi yakusho lokhu ngokusobala: "Bheka, Ngikuthumela ngaphandle ukuba ufakaze futhi uxwayise abantu, futhi kwenzeka kumuntu wonke oke walulekwa ukuba axwayise umakhelwane wakhe" (D&C 88:81). Abafundisi ngokupheleleyo banamandla okufundisa labo abangewona amalungu eBandla. Amalungu eBandla angaba namandla okuthola labo iNkosi ebalungiselele abafundisi bezenkolo ukuba bababafundise.

Kumele sizilungiselele ngokholo lwethu ukuthi iNkosi iyeyalungiselela abantu labo abasizungezile ukuba bafundiswe. Uyabazi ukuthi bangobani nokuthi bangazilungisela nini, futhi Angasihola thina kubo ngamandla kaMoya oyiNgcwele futhi asiphe amazwi okubamema ukuba bafundiswe. Isithembiso iNkosi eyasinika umfundisi wezenkolo ngo1832 kuyisithembiso futhi Esinikeza thina sithole abantu abalungele ukufundiswa ngabafundisi bezenkolo: "Ngizothumela kubona umduduzi ozoba fundisa iqiniso nangendlela ozohamba ngayo; noma-ke ngempela ukholelwa, Ngizomthweza umqhwele futhi nezikhali" (D&C 79:2–3).

Futhi nesithembiso sokujabula sikamfundisi onokholo kuyinto yethu njengamalungu akholiwe anikezela ngenhliziyo kumsebenzi wobufundisi.

"Futhi manje, uma ukujabula kwakho kukhulu ngomphefumulo owodwa olethwe kimina embusweni kaBaba wami, kuyoba kakhulu kangakanani ukujabula kwakho uma ungaletha imiphefumulo eminingi kimina!

"Bheka, unevangeli lami phambi kwakho, kanye netshe lami, kanye nensindiso yami.

"Cela kuBaba ngegama lami, ngokholo ukholelwe ekutheni uzozuza, futhi uzoba noMoya oNgcwele, owambula izinto zonke ezifanelekile kubantwana babantu" (D&C 18:16–18).

Ekungezeleleni kuMoya oyiNgcwele ukusiza thina ukuba sibone futhi simeme labo abalungele ukufundiswa, iNkosi ibizile futhi ifundise abaholi ukuba basibonise indlela. Encwadini yomhlaka Februwari 28, 2002, ubuMongameli Bokuqala babeka igunya elikhulisiwe ngomsebenzi wobufundisi koBhishobhu kanye

nakumawodi.[1] Ngosizo lwamawodi noma ikhansela legatsha, ikomiti lobupristi elinegunya likhulisa uhlelo lobufundisi kwiyunithi. Kulo loluhlelo imibono yokuthi amalungu angathola kanjani labo asebelungele ukufundiswa ngabafundisi bezenkolo. Kunomuntu obiziweyo njengewodi noma umholi wegatsha lemishini. Lowo mholi wemishini unobudlelwane nalabo abangabafundisi ngokuphelele kanye nalabo abazohlola.

Ziningi izindlela ezingcono ongahlangabezana nomsebenzi wakho ukusiza ukuthola abantu abazofundiswa ngabafundisi bezenkolo. Indlela engconywana iyoba ngengcono kakhulu.

Thandaza ukuba uholwe nguMoya oyiNgcwele. Khuluma nabaholi bendawo kanye nabafundisi, ubuze kubona izeluleko kanye nokubathembisa bona usizo lwakho. Gqugquzela labo abanawe kulomsebenzi. Futhi ube wufakazi ngaso sonke isikhathi kulokho okushoyo nokwenzayo ukuthi uJesu unguKrestu nokuthi uNkulunkulu uphendula imithandazo.

Ngiyafakaza ukuthi uMoya oyiNgcwele uzokuhola kulabo abafuna iqiniso njengoba uthandaza futhi usebenzela ukwelulekwa. Futhi ngiyazi ngokufunda ukuthi ukujabula kwakho nalabo abakhetha ukuthatha ivangeli ezinhlizweni zabo bese-ke ubekezele okholweni.

**AMANOTHI**

1. Bona "Izindaba zebandla: iWodi kanye nomfundisi weGatsha Umsebenzi Ogcizelelwe," *iLiahona,* Aug. 2002, 4.

---

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

- *Ukufundisa, Ubizo Olukhulu* luyasitshela thina ukuthi sikhuthaze labo esibafundisayo ukulungiselela injongo yokusiza bona ukuba baphile ngemithetho abayifundileyo (bona ikhasi 159). Kanye nomndeni cabanga ukuthola izibusiso zomsebenzi womfundisi njengoba kushiwo nguMongameli uEyring futhi, uma ugqugquzelwe, mema umndeni ukuba ubeke izinjongo ngokwabelana ngevangeli.
- Cabanga ucabangisise nomndeni wakho izindlela zokwabelana ngevangeli, ukukhumbula ukwelulekwa kukaMongameli uErying ukuthi, "indlela elula yileyo ezoba ngcono." Ukufunda kabanzi ngokucabangisisa, bona *Ukufundisa, Ubizo Olukhulu,* ikhasi 160.

## INTSHA

### Abafundisi Abaningi Empilweni Yami

**NguElizabeth S. Stiles**

Isonto lokuqala ngaya esontweni kanye nabafundisi ngabona abantu engakhula nabo futhi engangibazi emphakathini. Ngabona omunye wabangani bami wasesikolweni, unobhala esikoleni esiphansi kanye nesiphezulu, intombazane engingazange ngibe nobudlelwane obuhle nayo kudala, futhi engowesilisa osemncane engangimthanda.

Omunye walaba bantu wayenokuhlanganisa okungapheliyo. Umngane wami ongcono wayengowesifazane omncane owayeqotho, futhi ngenxa yakhe Ngakhetha ukuqhubeka nokwazi mayelana neBandla. Onobhala abasangikhumbula kusukela esikoleni bangisiza ukwazi ukuthi ngibalulekile. Ngafunda ngothando lukaNkulunkulu kanye nothando ulumnene lukaJesu kuzintombi ezangamukela noma bengingabaphethe kahle ngaphambili. Insizwa ebengizifela ngayo yaba yisibonelo esihle kimi, Ngakhumbula ukukhanya kwakhe futhi ngangifuna ukuba seduzane naye.

Lezizifundo zangisiza ukuba ngazi, futhi ngaphambi kokwembuleka kwami kubafundisi, uBaba oseZulwini wangilungiselela ukuba ngithole ivangeli ngabantu labo Ababekile duzane nami. Kubona ngafunda ukuthi izinto ezincane esizenzayo zingaba nomthelela omkhulu. Okubalulekile kakhulu, ngafunda ukuthi umsebenzi wabefundisi uqala ngami.

## IZINGANE

### IVANGELI—ISIPHO SOKWABELANA

iZwi *ivangeli* lisho zonke izifundo kanye nezimiso esinikezwe zona nguJesu Krestu kanye nabaprofethi Bakhe. iVangeli lifana njengobhasikidi ogcwele izipho ezivela kuBaba oseZulwini. Ungasiza ngokupha lezizipho kwabanye abantu. Ungabelana nobani isipho sevangeli?

Funda ivesi ngalinye kumbhalo ongcwele bese wenza uhla noma imidwebo yezipho ezinye lezo ezifakiwe evangelini.

# Ukubuyiswa Kwezinto Zonke

*Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashele. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangano Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

**Ukholo • Umndeni • Inkululeko**

Umprofethi uJoseph Smith wasungula Inhlangano Yabesimame Ekhululekile njenge ngxenye ebalulekile yeBandla. Njengobumongameli, sithemba ukuthi sizosiza wena ukuba uzwisise ukuthi kungani Inhlangano Yabesimame Ekhululekile ibalulekile empilweni yakho.

Siyazi ukuthi omame beTestamente Elisha bakhombisa ukholo kuJesu Krestu futhi basebenzisana emsebenzini Wakhe. uLuka 10:39 usitshela ngoMary, o "wahlala ezinyaweni zikaJesu, futhi wezwa izwi lakhe." Ku Johane 11:27 uMartha ubeka ubufakazi bakhe ngoKrestu: "Wathi kuyena, Yebo, Nkosi: Ngiyakholwa ukuthi wena unguKrestu, iNdodana kaNkulunkulu, okwakufanele eze emhlabeni." Izenzo 9:36, 39 zikhuluma ngo "mlandeli othile ogamalakhe linguThabitha, . . . onemisebenzi eminingi emihle. . . . Futhi bonke abafelokazi babelindile . . . bebonisa izambatho ngezingubo [yena] abenzele zona." uPhebe, KuMaroma 16:1–2, waye "yisikhonzi sebandla "futhi engumsizi wabaningi."

Lamaphethini okholo, ubufakazi, kanye nokusebenza kuyaqhubeka ebandleni lezinsuku zokugcina futhi kwabasemthethweni kanye Nenhlangano Yabesimame Ekhululekile. uJulie B. Beck, umongameli jikelele Wenhlangano Yabesimame Ekhululekile, wafundisa wathi: "Njengoba uMsindisi wamema uMary kanye noMartha ngesikhathi seTestamente Elisha ukuba basebenzisane emsebenzini Wakhe, omame banamuhla banegunya elisemthethweni lokusebenza emsebenizini weNkosi. . . . Inhlangano Yabesimame Ekhululekile ngo1842 wahanjiswa ngamandla ahlanganisiwe awabesimame kanye nomsebenzi wabo oqondile wokwakha umbuso weNkosi."[1]

Siqeda umsebenzi wethu ngokubhekisisa amehlo kwinjongo Yenhlangano Yabesimame Ekhululelile: ukukhulisa ukholo kanye nokulunga kwethu, ukuqinisa imindeni kanye namakhaya, nokufuna nokusiza labo abadinga usizo.

Ngiyafakaza ukuthi Inhlangano Yabesimame Ekhululelile yasungulwa ngobungcwelisa ukusiza emsebenzini wensindiso. Omunye nomunye udade Wenhlangano Yabesimame Ekhululekile unendima ebalulekile ayidlalayo ekufezeni lomsebenzi ongcwele.

***uSilvia H. Allred, ikhansela lokuqala kwiNhlangano Yabesimame Ekhululekile kubumongameli jikelele.***

### *Kuvela Embhalweni Ongcwele*

uJuweli 2:28–29; uLuka 10:38–42; AbaseEfesu 1:10

### *Kuvela Emlandweni Wethu*

uDade uJulie B. Beck wasifundisa ukuthi "siyazi ngoMprofethi uJoseph Smith ukuthi Inhlangano Yabesimame Ekhululelile yayiyingxenye esemthethweni yokuBuyiswa."[2] Indlela yokubuyiswa yaqala ngoMbono Wokuqala ngo1820 yase iqhubeka "umugqa ngomugqa, umthetho ngomthetho" (D&C 98:12). Ngenkathi Inhlangano Yabesimame Ekhululekile yasungulwa ngokwasemthethweni ngoMashi 17, 1842, uMprofethi wafundisa abesimame maqondana nendawo yabo ebalulekile eBandleni elibuyisiwe. Wathi, "iBandla alizange lisungulwe ngokupheleleyo kuze kube ngenkathi kuqala lenhlangano yomama."[3]

**AMANOTHI**

1. uJulie B. Beck, "Ukugcwalisa Injongo Yenhlangano Yabesimame Ekhululekile," *iLiahona,* Nov. 2008, 108.
2. uJulie B. Beck, "Ukugcwalisa Injongo Yenhlangano Yabesimame Ekhululekile," 108.
3. *Izimfundiso zaboMongameli beBandla: uJoseph Smith* (2007), 64.

### *Ngingenzenjani?*

**1.** Lusizo luni engingalinikeza abodade bami kulenyanga abangakhombisa ukholo lwabafundi besimame lukaJesu Krestu na?

**2.** Yisiphi isifundo sevangeli elibuyisiwe engingasifunda ukuqinisa ubufakazi bami kulenyanga?

Uma udinga ulwazi olunye, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

© 2011 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/10. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/10.
Ukuhumusha ko *Visiting Teaching Message, February 2010.* Zulu. 09762 783